AMNESTY
INTERNATIONAL

AYIKHO INDAWO YOKUPHEPHELA

ENINGIZIMU AFRIKA, ABASINDE EKUKHAHLAMEZWENI KWASEKHAYA BANEZINDAWO EZIMBALWA KAKHULU LAPHO BENGAPHEPHELA KHONA NOMAKE BATHOLE UKWELULAMA KULESIMO SOKUKHAHLAMEZEKA

Ukukhahlamezeka kwasekhaya kulokhu kuyinkinga eqhubekayo kwabesifazane baseNingizimu Afrika. Ngaphakathi kuka Ntulikazi (July) 2006 no Nhlangu (June) 2007, amaphoyisa abhala phansi izehlakalo zokukhahlamezeka kwabesifazane emakhaya okucishe kube yizinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalolunye.

Imithetho yokuvikela amalungelo abesifazane ukungakhahlamezeki emakhaya ishayiwe. Yize kunjalo, abesifazane abaningi selokhu abakwazi ukuthola usizo lwezemithetho ukuze baqede lenkinga yokukhahlamezeka kanye-ke nokuthola indawo yokuphepha. Ukuvimbeleka kokutholakala kosizo kusezingeni eliphezulu kwabesifazane abaphila impilo yobumpofu.

> WASONGELA UKUNGIBULALA FUTHI ASHISE INDLU UMA NGINGAMVUMELI UKUBA ABUYE AHLALE NAMI FUTHI. NGAKHO-KE NGAPHINDELA EMUVA NGAYOHLALA NAYE.
>
> U-SS owaphuma ngesamagundane wahamba waya ezihlotsheni zakubo ngemuva kokuba umyeni wakhe amshaye kaninginingi, ngo Nhlaba (May) 2007

Umyeni kaEZ wavuma ukuthi unabo abanye abesifazane ezwana nabo ngaphandle kukaEZ, kodwa wenqaba ukusebenzisa ijazi lomkhwenyana. Umyeni kaEZ wabuye wamshaya kabi ngesizathu sokuthi uEZ wahamba wayommangalela emaphoyiseni. UEZ uthi ngesikhathi ebika lendaba yakhe emaphoyiseni, elinye lamaphoyisa eliyisihlobo somyeni wakhe lamuzwa. Uthi ngenkathi leliphoyisa eliyisihlobo somyeni wakhe lithi "Yima, ungalithathi lelicala", icala lakhe lavele lalahlwa phansi. Ekucaleni kuka 2007 uEZ wahlola igazi lakhe wathola ukuthi linegciwane lengculaza ngakho wayeseyekela ukusebenza ngoba impilo yakhe impofu.

Impendulo yamaphoyisa ephumelelayo ibalulekile kakhulu. Ngaphansi komthetho wokukhahlamezeka kwasekhaya i-*Domestic Violence Act*, amalunga ombutho wamaphoyisa kumele asize wonkewonke obika ukukhahlamezeka kwasekhaya, ngokubatshela ngelungelo labo lokubeka icala lowo ongumkhahlamezi nokuthi futhi bathole ukuvikeleka nokusizakala ekutholeni isiphephelo nokunakekeleka ekwelashweni. Kodwa-ke noma kunjalo, amanye amaphoyisa selokhu akakwenzi lokhu – ngesizathu sokungaqondi isibopho sawo esisemthethweni noma-ke akaqindezeleki ngokwanele ukuthi awufeze lomgomo.

I-Ningizimu Africa yenze izinqumo zokuzinikela ngaphansi kwenhlangano esusa zonke izinhlobo zobandlululo oluphambene nabesifazane kanye nenqubo eya emthethweni wezwekazi leAfrika eqondene namalungelo oluntu emalungeleweni abesifazane beAfrika i-*Convention on the Elimination of all Forms of Discrimination against Women and the Protocol to the African Charter on Human and Peoples' Rights on the Rights of Women in Africa.* Isibopho seNingizimu Afrika sifaka phakathi ukuvikela zonke izinhlobo zomkhahlamezo wabesifazane kanye nokunikeza ukwelashwa kwalabo abedlule futhi basinda ekukhahlamezweni ngokusebenzisa umthetho ophathelene nokwelelesa kanye nokuqinisa uhlelo olusiza ezokuhlalisana kwabantu.

uLwezi (November) 2008
Inkomba: AFR 53/017/2008

U-JA, owesifazane ophila negciwane lengculaza, watshela abakwa Amnesty International ngoNhlaba (May) *2007: "Akalivumelanga [ukusetshenziswa kwejazi lomkhwenyana]. Ngezama. Ngawathola amajazi omkhwenyana emtholampilo, ngawathatha ngaya nawo ekhaya, kodwa wathi cha. Saxabana. Wangehlula. Wayengiphoqelela ukuba ngilale naye. Wayengidlwengula futhi wangithelela ukufa."*

Yize inani leziphephelo zabakhahlamezekile lakhuphuka ngokucishe kube yikhulu ngo 2008, selokhu leziphephelo azikeneli futhi azikho ezingeni lokunikeza usizo oluphuthumayo noluqhubeka kade ukukhoselisa, ikakhulukazi emaphandleni. Iningi labesifazane ababalekela ukukhahlamezeka alinakho okunye elingakwenza ngaphandle kokuhlala ezihlotsheni, lapho khona lisengozini yokufunyanwa ngabakhahlamezi labo. I-Nhlangano Yesizwe Yezokukhosela i-*National Shelter Movement* eyaqalisa ngoNcwaba (August) 2008 ikhankasela ukubhekana nalezizinkinga.

Umyeni ka-SS ongumkhahlamezi wadonsa izinyanga eziyisithupha ejele ngemva kokuba u-SS ammangalele emaphoyiseni. Ngesikhathi ephuma ejele wamthola wayesemphoqelela ukuba abuyele kuye. Ukukhahlamezwa kuka-SS kwaqhubeka. "Uma ngicela izingubo nokudla wayengishaya," kusho u-SS. Kwakungenandawo yokuphephela lena emaphandleni lapho wayehlala khona u-SS. NgoMfumfu (October) 2006 umyeni ka-SS wamshaya waphinde wamdlwengula ngaphambi kwezingane zabo. Enye yezinhlangano ezizimele engekho ngaphansi kukahulumeni yamsiza u-SS ukuba abeke umyeni wakhe elinye icala futhi yase imthatha imyisa esibhedlela, kodwa ngoNhlaba 2007 u-SS uthi wayengaphilile kahle futhi engenayo imali yokuthi ahambe ayothola umphumela wohlolo lwakhe lwegazi lwegciwane lengculaza.

Iziphathimandla zinomthwalo wokuba ziqiniseke ukuthi onke amalunga ombutho wamaphoyisa afundisekile ukuba aqonde futhi akwazi ukusebenzisa amandla awo ngokomthetho. Futhi kumele akwazi ukuqaphela nokuqiniseka ukuthi abesifazane basemaphandleni bakwazi ukufinyelela ezindaweni zokuphepha nezosizo lomphakathi.

Uma ufuna ukwazi kabanzi, siza ubheke umbiko we-Amnesty International, *'Ngisekugcineni phansi kwabo bonke': Abesifazane basemaphandleni abaphila negciwane lengculaza babhekene nokukhahlamezeka kwamalungelo eNingizimu Afrika*, Inkomba: AFR 53/001/2008, etholakala ku-internet.

> **UKUKHAHLAMEZEKA KWASEKHAYA KUTSHENGISA FUTHI KUQINISEKISA UKWENGAMELA NOKUBUSA KWEZINZALAMIZI (AMADODA) NGENDLELA YOBUDLOVA NONYA.**
>
> I-Nkantolo yoMthethosisekelo yaseNingizimu Afrika, 1999

uLwezi (November) 2008
Inkomba: AFR 53/017/2008

Amnesty International
International Secretariat, Peter Benenson House
1 Easton Street, London WC1X ODW, United Kingdom

www.amnesty.org

AMNESTY INTERNATIONAL

I-**Amnesty International** yinhlangano kazwelonke enabantu abayizigidi ezimbili nezinkulungwane ezingamakhulu amabili emazweni angaphezu kwamazwe ayikhulu namashumi ayisihlanu, namazwekazi akhankasela ukuqeda nya konke ukuhlukumezeka kwamalungelo abantu okunesihlungu esibi kabi.

Umbono nomgomo wethu wukuthi wonke umuntu aphile ngenjabulo ebangelwa ngamalungelo avikeleke futhi aphephiswe yisimemezelo samalungelo abantu i-*Declaration of Human Rights* kanye neminye imigomo yamalungelo abantu emazweni onkana.

Sikhululekile futhi asikambandakanywa nohulumeni wanoma nguliphi izwe,umqondo wanoma nguliphi icembu lezombangazwe, ezezimali nomnotho, noma-ke ezenkolo – ngasezimalini sisimamiswe ngamalunga enhlangano kanye ke neminikelo evela kunanoma ngubani ozinikelayo.